Ukuvulwa Kwendhlu yeSonto kwa Kangelani.

(Sixoleleni ngokulibala. Incwadi yalendaba yayisedukile).

Bekuvulwa indhlu yeSonto lapa kwa Kangelani, ngo February 13, 1916. Ngomgqibelo (February 12), kwabe kubutene abafundisi, namakolwa, nabantwana bamagatsha akona, sekulungelwa ukuvulwa indhlu yeSonto. Kwañka noSandhlasenkosi yas'Eshowe (uMr. M. Oftebro, Actg. Assist. Magistrate); uMatini ka Mandi (indodana yomfundisi omdala was Noki, owake Eshowe) ezovula yona indhlu yeSonto ngokomteto ka Hulumeni, njengoba nganxanye ipete ukuba indhlu yesikole. Futi kwa fika uMr. noMrs. A. Heidalewig, (beVinkili lase Samungu). Kute kusihlwa ngomgqibelo, izulu laba nesivunguvungu nomoya omkulu, kuhlangene nonyazi, notuli nemvulana nje engapelemkuba. Ko wa noko konke kwedhlula kahle kakulu impela. Kwasa kusasa k'usuku olupalileyo nolumnandi impela; izulu lite ukuguqubala kancane kwabamnandi kwatsho emntwini wonke. Ngesikashana nje yezwakala insimbi okwaku kuze izwakale kulendawo ngamandhla okukeneneza kwayo. Emva kokunkeneneza kwayo, umuntu wayibona indaba yabantu; baqamuka zindawo zonkana. Kwaqamuka wena kolwa, kwaqamuka wena obhincayo kwanje! Bhekake loku pela kubuye kwangquzuka zona iziKulukulu zamaKosi:—O Mtonga ka Mpande, opete lonke leli elisuka oTukela libange Entumeni nas'Endulinde; noMfungelwa ka Mavumengwana, (owakelene naye uMtonga); opete isifundakazi esisuka oTukela sibange le lapo uTukela uhlangana kona neNsuze; noNdukuyake ka Mnyakanya, opete esas'Emambu, ngaseNkandhla; noSinxi ka Mgomo, owakelene naye uNdukuzake. Umumo wabantu ubungati upakati kwamakulu au 7 no 9. Amakolwa sengati abe amakulu au 5 noma 7. Abangapandhle sengati baba amakulu amabili. Pezu kwabo bonke kwakubhebhuzela indwangu yombuso, abayibiza ngokuti Union Jack; kunkeneneza nensimbi yeSonto entsha (Churchbell.

UKUVULWA KWENDHLU NGOKOMTETO KA HULUMENI WESIKOLE.

Kwati uba kungenwe, kwahlatshelelwa ihubo lombuso "God save our gracious King." Emva kwaloko wasuka uSandhlasenkosi wayivula indhlu ngamazwana akomba ukutunywa kwake. Inkamelelo yake kwaba "Imfundo," ekombisa abazali ukuputelwa kwabo iyona. Kusokoke indaba yasingiswa kubo abanumzane bona bepete abantu. Kwazwakala nasemazwini owa ewapatisiwe ukuti noHulumeni uyabagubuzela abafundisi emsebenzini wabo wokufundisa abantu. Kwati-ke ukuba indaba yezwe kubo abanumzane, wasuka uMtonga wasimze wati nje:—"Noma bona imfundo yabaputela, kungebuye kuputelwe nezingane zabo; sesiyavuma ukuba izingane zetu zifunde. Kanti-ke emva kokukuluma kwake okunjalo, nabanye abanumzane:—oMfungelwa, no Ndukuyake, no Sinxi, bahamba yona lowo mgudu; kwakuhle kwadela, giqinisile. Emva kwenkulumo yalaba banumzane, wase bongake Umonganeli (uRev. P. A. Rodseth), ukuvumelana okuhle kwamakosi nabanumzane. Kwasekugcinwa ngeculo elipata wona lomuzi omsha:—

Kangelan'ikaya letu
Selakiw'entabeni;
Uyatshalw'umtunzi wetu
Wo ku pol'endhleleni;
Simakad'ak'u busise
Lok'ukwaka kwanamhla,
Na lomuzi uwumise,
Ngokwomusa namandhla.

Kangelan'udwendwekazi,
Lwamakolwa loluya,
Olumhlope njengonyazi,
Ludabul'amaganga,
Simakad'ak'ubusise,
Lombutano wanamhla;

Qapelani okwezikati,
Ziyadhlula zindiza,
Lamadhlelo ezinyati,
An tempeli namhla,
Simakad'ak'ubusise,
Lomsebenzi wanamhlauje.

[P. Blessing Dahle.]

Lahlatshelelwa umqambi walo nge-"Solo, ikwaya lide limvumela kancane njengogumbhu liti: "Kangela" njalo

UKUVULWA KWENDHLU IBE YINDHLU YESONTO LABANTU.

Umsebenzi wokuvula indhlu yesonto wabu holwa nguye Umongameli (Rev. P. A. Rodseth, was'Eshowe,) esekelwa ngabanye abafundisi oRevds: M. Titlestad, was'Ekombe M. St., S. Dahle was'Potimati M. St., R. P. Stromme was'Esinyamboti M. St., J. Kjelvei, was'Emahlabatini M. St., P. Blessing Dahle, wakona kwa Kangelani; kanye nabafundisi abancane (Chaplains) oRevds: Ph. Langeni, wase Hlungwini (igatsha lakona kwa Kangelani); P. Lamula was'Etekwini. Inkamelelo yentshumayelo ka Rev. Rodseth, kwaba unqamulezo luka Jesu, okusweleka uku ba bonk'abantu baletwe pansi kwalo, noma bevuma noma bengavumi, kube njengaloku umuntu ebizelwa ecaleni enkantolo angedeleli. Kanjalo namhla iNkosi yamakosi ibabizela kulendhlu yayo ukufunda nokukonza. Emva kwe ntshumayelo kwa punyelwa pandhle kwanikelwa; kwatolakala £7. Kwa jabulisa futi ukubona izingane zakwa Kangelani nezamagatsha zihlangene, zigqoke mbala mnye (Uniform) njengamasotsha, zikuzwa (drill) oTeachar M. D. Mkize no A. M. Biyela. Sekupelile konke kwa hanjwa kwayiwa ekudhleni. Bonake loku pela zaziwe zifulatelene: umfundisi nebandhla be fune inkomo; kanti enye futi yavela kumnumzane uMfungelwa etokozelela lomuzi omsha wase zulwini, owake endaweni yake; futi enye indoda yaleta imvu. Kwa kuhle kwadela! (fanisa Isam. 21:5).

Ukuma komuzi wakwa Kangelani. Lomuzi umi endaweni epakemeyo lapo umuntu ebuka izindawo eziningi eziqamileyo, kwaZulu nase Natal. Izindawo ezimbili ezidumileyo, ezipahle uKangelani, "Isiwasamanqe" na "Manxiwa kaMakedama," uyise ka Nandi unina ka Shaka. Kukona lapa, la uShaka wazalelwa kona. Eziny'izindawo umuntu azibonayo ekwa Kangelani, ilezi eNatal: kusuka elwandhle umuntu ubona amagquma akwaDukuza, Eotimati, Umpumulo, amagquma ase Nyuzipepa, uNtunjambili, izinkalo zamaplaz'amaBhunu, izintaba ezibhek' Emgungundhlovana, nezintaba ezikupuka oTukela zas'Ezimpahlasini nezingoma zase Helpmakaar. (Msinga). KwaZulu: Iqudeni, amahlat'as'Ekombe uMadhlozi, iNkandhla, izinkalo zase Malimade, ezipezu kwas'Ekutuleni, Eshowe, Umbhombhotsbana (amagquma asoNgoye) kuze kuponseke olwandhle. Liyi fanele lendawo negama layo u"Kangelani".

P. LAMULA.

Ukungalali kahle.

Inkosikazi eti uma ivuka ekuseni izwe umzimba ukatele ushone pansi idinga usizo engase ilutole kuma Pink Pills ka Dr. Williams, okuyiwona ayohlanza igazi libe lihle enze nemitambo iqine kahle.

Kukona ukungalungi kwegazi okuningi okubangwa ukuba lisuke selilincane lona emzimbeni, kepa iningi labantu besifazane baye bangaku naki loku okuyingozi kangaka. Loku kungalungi kwegazi ngohlobo olunjalo kuye kwenze ubutongo bungehli ngesikati lapa umuntu eselala. Kwesinye isikati loku kuza nobuhlungu bekanda nokuhlambulula. Lokuke ikona okufuna ama Pills ka Dr. Williams angalimazi ngaluto. Nika ama Pills ka Dr. Williams isilingo sokuqala ngeqiniso uyokuzwa impilo entsha emva kwaloko. Nokudhla okade ungasaku tandi manje sewuyokutanda ngesikati sako.

Lomuti uyalihlanza igazi ngaloko libe seliba liningi, loko ke futi kuleta ukujabula emitanjeni yonke yomzimba nobutongo utole ongasabwazi, ujabulele nemisebenzi yako emva kwaloko. Linga lomuti kuko konke ukufa okubangwa igazi elincane emzimbeni.

Namupi umtengisi angakunika ama Pills ka Dr. Williama noma utumela ka Dr. Williams Co., Long Street, Cape Town, uyotunyelwa igabha elibiza 3s. 3d. uma eyisi tupa abiza 17s.

Isaziso

Umfundisi wase Georgedale (Rev. W. G. Mtembu) wazisa zonk'izihlobo ukuti uya ufika nabahlabeleli base Georgedale eTekwini, ukuba baze baqatelane nabaziswayo base Tekwini —Mountain Birds, Nightingales, nama Flying Birds—eNative Location Hall, ngolwesihlanu, April 21, ngo 7 o'clock. Bayamenywa bonke ukuba baze beze kuzwa. Abahlulile bozwakala epepeni. Ukungena uzukwa 6d. emnyango.

ISAZISO

Abafana bakwa Mafukuzela bobe bese Table Mountain (Emkambatini) ngoApril 21, ngoLwesihlanu. Ningaputelwa imitshingo nomculo. Babamba noCharles Dube. Kungenwa ngosheleni.

KUFUNWA

Umuntu wokutengisa eVinkilini labantu. Makube oqoto, angesabi ukusebenza, futi akwazi nokulungisa izimpahla. Kudingeka umuntu owake wawenza lomsebenzi ngapambili. Iholo:—Uyo qalisa ngo £3 ngenyanga. Tumelani izincwadi kanye nezincwadi zesimilo ku:—

LANGLEY MEE,
Vryheid, Natal.

Ningayenza kalula Imali Nisekaya.

Noma ngakube usebenzapi, ungadhlula utole imali ngapandhle kokutikimezeka komsebenzi wako.

Bonke abakwazi ukubhala nokufunda isiNgisi lapa eSouth Africa, ababhalele uMr. A. H. TODD,

Chemist,
Red Hill, Natal.

ITCHING ECZEMA ALL OVER BODY.

Zam-Buk the Only Cure.

MRS. E. NEL, Bethel, Vryburg C.P., writes:—"My whole body, hands, and feet were covered with painful, itching eczema, which also spread to my face.

"I could not attend to my household duties as the irritation was incessant, and I dare not put my hands into water.

"When I scratched the affected parts, big sore lumps formed. The itching was so severe that I could not sleep at night, and I became worn out with the constant burning sensation. Various remedies I tried all proved useless, and medical advice failed to bring about the desired results.

"Happily, I found a notable exception in the case of Zam-Buk, which at once eased the itching, and cooled my skin from the very first application. I naturally continued with Zam-Buk, with the result that the eczema went away and my skin became once more clear and smooth."

Zam-Buk is unrivalled for piles, ulcers, ringworm, bad legs, cuts, bruises, sores, burns scalds, sprains, rheumatism, and insect bites or stings. Beware of worthless imitations. You must have only ZAM-BUK. Of all Chemists and Medicine Vendors, at 1/6 or 3/9.

Zam-Buk

Abantu

Kute-ke ezinsukwini zika January 1879, wayileta uHlamvana-bhul'umlilo ubaswe ngu Mantshonga beno Ngqwelemana, Udunusel'undi no Kahlamba. Uyileta njalo uyifake ngemizila emibili, omunye wauqondisa ngas'Eshowe lapaya eWombane, wati omkulu wauqondisa kona ngako Sirayo lapo, lapa kwakuzwakala ukuti inkulu ngakona eyabelungu.

Yafika yangenisa eSandhlwana eyabelungu, zati izinhloli zayo zahamba zaya kutshona ngalapaya kwa Matutshana ngas'empumalanga, lapa eyakwa Zulu izakuqamuka ngakona. Kwabe lapo eyabelungu yahlukene kabili, enye ihambe no Lord Chelmsford yabanga lapaya ngas'Emangeni, kwasala enye eyabe ipetwe ngu Col. Durnford lapo eSandhlwana.

Yati lena eqonde ngakwo Sirayo wayinikа uNtshingwayo ka Mahole kwaba nguye umniniyo; amabuto abe elapo kwaku Udhlokwe, Inkonyan'ebomvu, Unokenke; uMcijo, Uve, nemitonselana yenhlanganisela yamanye amabuto. Okwati ngalapaya ngas'emfuleni eyabe ingenise kuwo, yati iqala ivuka nje, yabe seizwa kusho isibhamu sabelungu asebedubula izinhloli (loku pela ingenise kulo'mfuyana ongas'empumalanga kwas'eSandhlwana). Zati-ke uba zihlehle izinhloli zakwa Zulu, eyabelungu yaqubekela pambili; kanti is'iyakwoka imivi ebe isazihlalele ipumule esihlekeni. Lapo ke akubange kusaba kona okulumisa omunye, zanela ukuyibona nje izinsizwa zatata pansi izihlangu zazo zonke, kwati nonxa izinduna zibabiza ziti ake ime yake umkumbi; anqaba amabuto ati kusazakumelwani, loku nansi sesiyibona njena na? Po-ke, izinduna ezincane zamabuto amancane zabezivumela na namabuto nazo. Kuleyo'nkati-ke kwasokuti-dhlikilili, amabuto es'exoshana nabelungu nabeSutu bakwa Hlubi nempana yase Edeni. Kute uba batshone ngalapaya konqinqimana olukangele ngas'Ematutshana, lwabe Uve selugijime njalo lwabanga ukuyakuvimba ngas'Emzinyati, lulandela Udhlokwe namanye amabuto.

Kute ukuba afike agqibelane amabuto lapaya pezu kwonqinqimana lolo wayisusa ngamandhla lapo umfo ka Mahole, (kungati kulibangana elilingana amamaela amatatu inxa ngingaposisi, ukusuka eSandhlwana.) Wezwakala kaloku umbaimbai ose upuma kubelungu pansi kwe Sandhlwana; kwabe lapo amabuto as'esukeleke ngamandhla ukuya kona. Kwat'uba babone abelungu ukuti eyabantu ipikelele ukusondela ngalapaya ezindongeni okudhlulwa umaTutshana qede kufikwe kuzo, okwobane sekukude-buduze pansi kwe Sandhlwana, lapa kungenise kona eyabelungu; watsho kaloku umbaimbai, waduma wadedelana. Kwabe kunjalo njalo izinduna zeyabelungu sezite uba zibone ukuti eyabantu seipikelele ukuza kungena ekaya, zayikipela ebaleni yonke eyabelungu, yema yenza iziceme. Batshaya lapo oJoni, banqaba okuti ketshe. Eyabantu yafinyelela ezindongeni ezis'enzansi kwe Sandhlwana, yafika qedo yalala pansi lapo, sekunuka umlilo wodwa, engaseko okuluma nomunye. Wezwakala lapoke manje umfo ka Mahole omfutshanyana, elapaya pezu kwonqinqimana, wati: "Katshongo njalo! Naningatsho ukuti niyakulala pansi! Yini yona leyo na?" Lapo-ke us'upinda okwesine umbaimbai; ite isuka pansi yase ingena eyabantu kwotente. Ngesikatshana nje laselicima ilanga, kwahlwa. Yangena-ke kwotente, yabulala'nkomo, muntu, mbongolo, na'mlungu nani, kwapihlika nje. Usesele-ke lapo uMkosana ka Mvudhlana, usalele kona ngas'ezindongeni lapo ngalapa ike yalala pansi kona.

Nantuya-ke uVe noDhlokwe sebeyakuhlanganisa, sebeye bapenduka ngakwa Manzamnyama, sekusele ingcingwana encane yesango ukubn ihlangane kunye nalena ese iqamuka ngaseningizimu. Kulapa kwatsho kona umntwana uSikota kuGabangaye ka-Pakade lapo, wati: "Masibaleke, ngiyabazi abakiti inxa sebenze njena, sesi ukufa sonke." Wapendula wati uGabangaye kuSikota: "Ake wenze kahle, kengibone ukubamba kweziMbungulu." Wamtshiya kona lapo-ke uSikota wabaleka.

Kute uba kube njalo wabasa-ke manje umGundatshani; uCol. Durnford wabaxotshake kaloku abeSutu bakwa Hlubi nabas'eEdendale, wati mababaleke baqonde isikala esingas'entshonalanga, bamshiye yena nezinsizwa ezibomvu zomGundatshani. Lapo-ke seku ubhici nje. Kulapa ezibomvu sezimtabata njalo uColonel Durnford sezimponsa pakati kwazo; O! savutake lapo kwapela abantu kwaba insumo nje

Umfo kaPakade lowo uGabangaye wapela kona lapo, nebuto lakwabo lezi Mbungulu lelo alisebenzanga luto, kwaba yilowo wati, tambo yapuka, kabe esaba kona obuza omunye. Lapoke uSutu lwawaminya amanzi.

Kwat'uba kuti dalala lapo, uSutu lwangena kwotente, lwapanga imipongolo kapalafini neka kologo, banata; waba munye nje obulawa ukologo nobulawa upalafini, kwaba ubugilegile nje. Akulalwanga ilungile leyo'ndawu eyabe ingenise impi, ngoba kwasekuxebene ipunga lenyama yabantu neleyozinkomo neleyezimbongolo kunye namahashi nepunga lika kologo nelika palafini.

Kanti leya yamabuto amatatu—Uve noDhlokwe neNdhlondhlo ite uba ibone ifika seikade ipangalele impi, yagijima njalo yona yaqonda emZinyati, yawela ngamazibuko onke omfula. Ite uba ifike kwaJim Rorke, emnceleni welasesiLungwini, yafunyanisa sekukona abelungu abatile asebe gijime baye baziponsa pakati kwendhlu yabelungu; bangena qede ngapakati bazivalela, benza isikanise sabo ngayo leyo'ndhlu. Wo! alwake law'amabuto, emba indhlu ngemikonto; kepa banqabisa abelungu. Kwaza kwasa lapo kung'umtshikatshika nje, abantu laba sebefe sebezimbundu ezi izinqwaba ezesabekayo, belinga ukuti bazongena endhlini kepa bafunyane kunqabisekile loko, Kwafa kuleyo'ndawo impi eningi, yafela amanga, ingalwi namuntu. Angitsho ukuti abelungu abafela lapo bafika ebutatwini inxa bengebabili zwi.

Ufunani UMr. Msane?

(Ku MHLELI we "LANGA")

UMr. Msane unonembeza ongapumulile ngezindaba zemali kaCongress, ngakube asitsho luto uma imali uyibuza kubantu abafaneleyo. Kepa utabata zonke iziponsiso, zabapatizikwama zamakomiti uzama ukunukubeza uDube ngako konke loko. Uqambe ushilo mfoka Msane, uDube umgcoba amafuta lapo uti wena uzama ukumbulala. Utule ngakona ngoba sasikona eKroonstad lapo wakuluma ihora lonke naye wapendula yapela. Pho, usazotini namhla! Tina siti udinwa inyama yake uyeka ukubuza kubantu ababepata izimali.

Yimi ohlonipayo,
QONDIZWE NXELE.

Hamba Kahle Sarah!

Ngo Lwesibili ngomhla wama28,ku Ndasa (March 21, 1916) besilahla uSarah Zondi Nxumalo indodakazi ka Mnz. M. Nxumalo wala eK. B. Lomntwana ubesemuncane eneshumi nanhlanu noba nesitupa leminyaka. Ugule isikati eside, epetwe sifuba nawupepa. Aoyise nonina bese behluleke kodotela nakwabamnyama. Hau! lomntwana ubesitanda kakulu isikole elalela abazali ehlonipa nabadala. Esegule inkati ende; ebona ukuti akanakusinda, utume uyise ukuba amcelele isidhlo senkosi kumfundisi, nempelake ugcwaliswe nje ngo Kisimusi odhlule.

Singebalise amaningi, umntwana lo ubesiboniso kubantwana besikole etandeka kwabadala. Asitsho ukuti ufile ca! uvukile. Nezingane zasikole zidabuke kakulu kanye nawoTitsha bazo.

Babusisiwe abafele'Nkosini.

ISIHAMBI.

Ezase Koeningsberg

"NGO SIHAMBI"

Sike sabona olude luka Kubheka utwazi uBaker, ehambele kwa mkwenyawabo, amasonto amatatu. Manje usese Goli. Ube fisa ukuti gqi ekaya kepa wehluleka. NguMr. Geo. Ncamu owaye kade etisha kepa iminyaka eyinkomba edhlule esite setuka wase ehamba no tisha Kuboni, bepelekezelana. Mame-mamo! kanti umusa ku Ncamu useloku unjalo. Besiti sizoke simbone usuku kanti ute nje gqi, uyaputuzela upuma eMamodia ngezeVangeli.

Ngabantwana besikole ababepete izimbali bonke msuku bepelekezela uSarah otandekayo wabo bemusa esivinini seNkosi. Abadala babegqoke ezimnyama engatiti baya kosonta. Ngu Mr. Abraham Kunene utisha wase Vaal Bank esike sambona lapa isikatshana esincane wabuye wapind'emva ngawo umvimbi.

Ngu C. Ndaba umnumzane wase Mpangwini oke wafika ngasesikoleni iK.B. ukubona unina oseloku egula njalo. Umhlangano weBandhla ubungo mhla kaApril 8, 1916. Hau! ubuvuta umlilo lowo. Bayingcosana abangakipanga inkomo noma imbuzi. Pambili K.B. lungisani iTempele leNkosi,

Natal Native Congress

Izindaba Eziyakuxoxwa Emhlanganweni Ngo 24 April, 1916.

AGENDA

1. Impendulo Chief Native Commissioner incwadi yake C. N. C. 1325/1915, 3, Dec. 1915.
2. Ukuba lomhlangano unxuse umBuso wenze umteto wokuvikela isifazane sabantu kubelungu njengokuba sivikelwe isifazane esimhlope kubantu abansundu.
3. Ukuba umBuso umise iNative General Council.
4. Ukuba uMongameli mhlaumbe umbhali weCongress anikwe amandhla okubhalelana nama "Senators" amele abantu ePalamente ngezindaba ezibuhlungu kubantu ngokulayelwa yi Congress nokuba yi Komiti.
5. Ukuba lomhlangano ukipe amanxusa aye kubonana ne Chief Native Commissioner ne Administrator ngendaba yemfundo yabantu.
6. Ukuba abantu bavule imisebenzi nezindhlu zokudhlela nokupumula emadolopeni.
7. Ukuba umteto wotshwala babantu ka 1908 ulungiswe, uCorporation agcine pakati kwemincele yeTown lands, abantu abatshoniswa ngalomteto babuyiselwe ukonakalelwa kwabo.
8. Ukuba onke amacala abantu okwelelesa anqunywa zi 'Magistrates' ahlolwe alungiswe ngu Attorney General.
9. Ngemiteto yamapasi.
10. Imizi yabantu emadolobheni.
11. Ngama "Hositele esifazane emadolobheni.
12. Isinyakaziso ngu Mr. Antoni Kuzwayo.

ISAZISO.

Inhlangano yomkandhlu weNational Congress iyakuba seBloemfontein ngo 24 May, 1916. Onke amalungu eKomiti ayanxuswa ukuba aze abe kona angaputi. Izindaba eziya ucingwa ilezi:—

1. Ukuncoma kweKomiti elaketwayo ukuba lilungise imiteto yokwakiwa kwe Congress.
2. Ukukokwa kwecala lamanxusa.
3. Nezinye izindaba ezitshisayo.

J. L. DUBE uMongameli.
SELOPE THEMA uMbali.
P. O. Box 26.
VOLKSRUST.

ISAZISO.

Bonke abatenga umhlaba ku INANDA SYNDICATE baya ziswa ukuba bakoke njenge sivumelwano. Kunga pela iminyaka emitatu ungalahlekelwa. Ngako ngini vusa ukuba niqede, nitole amatayitile enu kona manje.

CHAS. L. DUBE. UMBHEKI.

UMUTI OJOJA UMTAKATI.

Wenziwe kuhloswe yena umtakati, ukuba umkipe kubantu. Umuti weNyongo sokuqala kweke yenziwa, uqeda yonke inkatazo yesibindi, kipa ukungcola esibindini sako.

Igabha lawo utunyelwa nge posi I/9, amagabha amatatu 4/6. Tumelani iPostal Orders ku Mr. A. H. TODD, Umkemesi, RED HILL, Natal.

AWUZ'UNGEHLULEKA.

Umuti ka Chamberlain womoya esiswini, nembo nokuhlambulula uyiloko okushiwo yigama lawo. Welapa ukuhlambulula nokweleka kubantwana nakwabadala, noma umuntu sekumpete kanjani ubuhlungu nomoya esiswini buyapela uma uke watola lomuti ingcosana. Awuz'ungehluleka. Utengiswa yibo bonke abatengisi bemiti.

UMAQOTULA

NIYOBONA NGE NDHLOVU KUWO ONKE AMAGABHA.

NIYOBONA NGE NDHLOVU KUWO ONKE AMAGABHA.

Umuti = = = Wezilo

Hartley's Oriental Vermifuge.

Umuti Obomvu Wezilo Ezibomvu, ka Hartley.

Lomuti upambili kuyo yonke imiti yezilo ekeyatolakala. Uqeda zonke ezimhlope nezibomvu zingapindi zibekona. Umtwana osanda kuzalwa, umfanele kakulu lomuti ukuba awupuze, njengoba nabadala befanelwe ukuwusebenzisa.

Ningageji ukuba naye uHARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE.

Kukona izilo abantu abangaziyo ngazo ukuba zikona kubo esiyingozi kakulu, ngoba azivami ukupuma zibouwe, impetwana enamakanda amnyama. Iyona ebanga bonke ubuhlungu nokugula, baningi abantu abafa umshubo, kepa noko kungaqondwa ukuba bajuqwa iyo lempetwana. UMAQOTULA ke, utyaya aqotule kuzona noma ingahluleka eminye imiti yena kazishiyi. Kufanele nokuba ubani, makapuze lomuti nabantabake ngoba bayotola usizo olukulu.

INANI { LEGABHA UTUNYELWA NGEPOSI ... 1/3; AMAGABHA AMATATU ,, ... 3/6; ,, AYISITUPA ,, ... 6/6 }

Tumelani ku Mr. A. H. Todd, Red Hill, Natal.

Umvusi Budoda Endodeni

NIYOBONA NGE BHUBESI KUWO ONKE AMAGABHA.

NIYOBONA NGE BHUBESI KUWO ONKE AMAGABHA

NEXEGU LIZIZWA SENGATI LIYIBHUNGU!!

UHLUMELELA AMANDHLA EMADODENI!!!

Ubangalala oluyizinhlamvu lwemitambo nomzimba wonke.

Lomuti wenziwe kuhloswe kona ukuba usize isilisa. Uyashesha ukubuyisela umuntu ebuntwini bake bemvelo, noma ubusulahla itemba ngokupelelwa amandhla uyashesha ukwenze uzizwe usunamandhla okwenza noma umupi umsebenzi wako kahle.

Akuko ndoda engaquba kahle emisebenzini yayo uma ingapelele ebuntwini bayo bemvelo.

Lezi zinhlamvu zisebenza isimanga ekubuyiseni ngokushesha, impilo amandhla, nenjabulo, uma sewaba sigoga esesakatazwa yizifo, noma ubungazigcinanga kahle empilweni, ekudhleni, nasekupuzeni, lomuti uyokwenza kube sengati awuzange ungene kulezonto.

Uma nga ulinga lomuti, wulinge ngesiqolo wazi kahle ukuba imali yako ayilahleki kepa ukupa impilo entsha. Lomuti utengiswa ngama gabha. INANI NGEGABHA UTUNYELWA NGEPOSI 3/9, AMATATU 10/6. Igabha lika 3/9 linezinhlamvu ongazisebenzisa amasonto amabili. Kepa into engcono ukuba uze uqede amagabha amatatu.

ONAMANDHLA KAKULU WABANEMIZI	... ...	4/9.
AMAGABHA AMATATU	... ...	13/6.

TUMELANI IPOSTAL ORDERS KU—

Mr. A. H. TODD.

(UMENZI KA MATUKULULA)

RED HILL, Natal.